Socwatsha continues:—

When the locusts were on, many years ago, about 1896, (though it was really after rinderpest) I went with others selling goats along the Zululand coast. I came to one of Ntshingwayo ka Sikonyana's kraals, not far from Lamb's store, & the Matigulu, Mapuzingweben where there was a wedding. Sukani ka Mpande was there, he belonging to umtimba party (girl's). The girl's elder brother got up to bonga Sotobe ka Mpangalala. All he said was this:— (notes, list of names)

Iya kuleka intombi ya kwa Sotobe ka Mpangalala u se geina. So ku suk'u Sukani u seti "Ubani onga mazingo u Sotobe, a kako o kohlwa u Sotobe." (Ubani o nga indyingo u Sotobe?) So ku giya umnewabo okade be bonga, etsho igama la kinge, kwaba ku pela. Sekuti kulaba a bakiti, esi hamba ~~ku~~ nabo, Hau! A ngabe e za leu 'beka no lodw' uhlamvu (na?), ati:

Iyakuleka 'intombi ka Bunge wo ku Ntwayiza,
A gxubuza nge tshoba ka mkumbi no lwandhle,
Ka Dada li se manzini—
uManz' a puma nge mbobo zomtshezi.

Izintombi za kiti kwa Ngcobo, njenga ezi ka Nombiko zi ye ziti a zi ku gana ingak' impehlwa (ibuto la kwa Nyuswa, zi ka Deliweyo), ngoba yena u yo fik' a ~~ba~~ vez' amakos' a kiti bezwe ukuti zi indhl' enkulu. Nina ~~zi~~ ni za u ti nxa ni bonga, ni bong' obaba nge zibongo zabo zo ku gija. uMpehlwa u bong' obaba, azi a bong' amakos' a kiti ohlanga, oMatshesa no Mavela, no Bovungana, no Mafongosi (Mafongosi), no Sipandhla, no Mbozane.

In uKulumetule pp. 170-5

Ukubuyiswa ku ka Cetshwayo, e kad' eye Engilande. (continued) from pp. 43-46 preceding

Kangeza NBK just like this.

uSomseu wati: Kangeza, Mnyamana! Se ngi m buyisile ku uCetshwayo. Nawa wa u ngazi ukuti ikon' inkosi e yahlukelwa enye i buye i buyiselw' endaweni yayo i nga ngunyiwe. Uti Lalelani-ke, amazwi e ngi zo ku wa kuluma, a ka ka Kwini. uKwini wa kuluma ezindhlebeni zake lo o indodana yami. Uti mina Nga ngi ngeko. Mina-ke ngi tunyelwe, se ngi tshelwa nge ncwadi u Kwini. La magama e ngi zo ku wa kuluma,

Kuyoti e ngi qaimb'amanga ku lona, a li qabuka
lapa, a ngi pikesâ, ati ngi ya li qabuka lelo.
Kuti e li ngi kohlikezo, a ngi kumbuze,
pakati kwa madoda, nawa kwa Zulu, na
wakit'amhlope, nanku i zhlezi: "Upet'in-
cwad'emfutshanzana, e ngakavana (as big as
one's hand) uqqoke umjiva wake, o ijakoti, onge
naso isisila. Waye se kip'iverebo le ncwadi
enkulu (as long as arm), u seyambula. U
seti ke: ukwini wati Ngi ya kubuyisela Cetsh.
endaweni yako, e manxiweni ako. Kwatiwa
A ngab'esa wa but'amabuto; abantu a
ba yeke ba yo zi sebenzel'imali ku beLungu,
ba teng'izinkomo ba ganwe; nomncane nje,
um'ese tombil'a ganwe, kupela uku-
but'amabut'abantu baze ba guzele
izinsitsheni [njengo tshwala obu ngakanya,
ingati kade bu bilile.] A ngabe sa si
but'isigodhlo (amantombazana) ake imizi
yake nje, ya ba fazi bake bodwa; izwe
ukwini u li sikile u li sike ngo Mhlaluze.
Kwati e li nga peltheza kwa Mhlatuze, e

4 li ka Kulumeni. Abantu abake ngapetsheya kwo Mhlatuze (he was speaking when on far side of Mhlatuze) ba zotel' imali, ngendhlu inye, ba tel' itshumi no tshelen' abane. Kuti aba tanda wena, ba wele beze ku leli lako, e li nga neno kwo Mhlatuze. Ba zo wel' ebusika, nga lapa se bevun' ukudhla kwabo, ngoba kwaku inyanga ka Kisimusi leyo. Kati O tanda wena, onga petsheya kwo Mhlatuze, a vuni ukudhla kwake, a be se wela nako konk' okwake, no sungulo lwake. Kati ke. Lapa ngeno ke kwo Mhlatuze, kwe lako, a zi zukutelwa imali. Uti ke Abantu okwati u wele, u s Englande ubotshiwe, ba sale ba tet' isigodhlo, u nga ba beki cala. Amacala-ke, ku lel' izwe e li nga neno kwo Mhlatuze, e li nga tel' imali, u za u zi telel' amacala, u wa tete nezindunu zako, na ba fowene. U wa ngqume, u zi hlaulisele ngo ku tanda, u zidhlele. Nangu ke u Mxwala-gwala, u Kwini a ku nika yena, o zo kwaka naye. Okuya ut' amacala o mcunt' o

pum' esiLungwini, kweli ka Rulumeni e
li tel' imali, ezo mangalel' umuntu owezwe
lako, ezo mangalel' amacal' ake, nangu
uGwalagwala, u yoku sekela, ni ya ku
wa teta naye nobabili, naz' izinduna
zenu. Utike ku leli lako, eli nga teli mali;
uma ku vel' umuntu o tand' ukuya kwe
li ka Rulumeni' izwe eli tel' imali; a wele
nezimvunulo, ni nga m gqabul' izinjobo,
njengo mteto wakini, umuntu u bet'
u wel' uTukela, et' u y' esiLungwini, ni mu-
dhl' izinkomo zake. Ku pele konke manje,
u ngab' u sa mbulal' umuntu. Nang'
uGwalagwala u zo b' ekubekile ×. Utike
Ezweni – elako lonke leli eli nganeno
kwo Mhlatuze. Wonk' amakosi a ye
bekiwe u Misjana, etsho e umlomo
ka Rulumeni, a itshumi manje, a selwe
onk' a yitshumi (angi mbali uJantoni
no Hlube) ku sel' uzibebu yedwa,
osikeleo' izwe li ka Yise, li ka Mapita,
vani ni ya waz' umncele, kuse kwa Julu

× see H. F. Fynn's account of the Restoration of Cetshwayo, in ... Sir T. ...

lapa lali kamba kon' izwe li ka Mapita:
L Ni hambe nga lowo omncele e ni wazi yo!
omdala. Bonk' abantu aba be pakana nawe
uKulumeni se be buyele kuwena bonke.
No zibebu ku lel' elake kaz' ukuyi tel'
miali ngengawe. Sengati a pela lapo a
ka Somseu, ~~u~~ kambe li sele ngal' elinye.
Wati uSomseu "Ngi ya gcina". U ngi
kumbuz' eti seleyo, umntanami, ne ngi gamb'
amanga ku lona. Ngoba wena wa tshelw'
izindhlebeni zako, mina nga tshelwa nge
newadi. Wa velake
uHlamvana bul'amlilo,
Oba baswe uMantshonga no Ngqelebana.
Wati Yebo! Zulu. U qinisile o ngubaba.
Ngo~~ko~~ba mina lapa nga ngi botshelwe kona
nga ngi hlezi na madoda, eKipitawini.
Ngi nga botshwa nga ntambo, ngi zi hlabele
Kahle nje. Ngi hlale nga hlala nga hlala,
ngezwa se ngi tshelwa amadoda, eti
Ngi ya bizwa ukwini, Engilande. Nga hamba
ngaye nga fika ku Kwini. Kuyiloku

ngá fika ngi ngaze ngi nga m bona, ngi
m qabuka. Ya fike ya ngi bungelela inkosikazi
Ya ï zi kuluma amazama kumina a ba mabili
qwaba. Yati: U ya bona Cetshwayo se ngi ya
ku bugisel' endaweni yako, kodwa ngi
sikil' ezweni, igatshana nje, ngalapo lapa
kwak' uJantoni. Ka ngi tshela mfula, ka
ngi tshela lukalo. Waze eti' ele sibili;
"Wau! u ya bonake, umuntu owa tat' isigodhlo
u nga m beki cala. ~~Ngapendulela nemini~~
~~izwi laba lungo~~ Hambake uye ku lá
madoda, okad' uhlezi nawo, awazwi'
ami ke u yo wezwa nga lawo madoda.
Mina ke ngapendul' izwi la ba lungu
lap' esigodhlweni. Ngoti Nkosi ngi
ngaze ngi ba bek' icala nje, a ba tat' isi-
godhlo, ba bazi ini ukuti ukon' umunt'
ofa qede, a bug' abuke ini na? Ngoba
kwa se kutiwa ngi file. Po ngi nga ba
bek' icala kanjani, ngoba nga se ngi file
Wo! Hagi ka sa balelisana no Kwini
sa hambake. Nga fikake eKapitauni.

lapa be ngi hlala kona. A fika-ke la madoda e ngi hlala nawo, a wa tat' onke la magama a tatwa ubab' uSomseu.
Nokubona a ngi tshelo ~~ukuti~~ uMhlatuze, ngoba ukuwini wati ngalapo lapa be kukon' uJantoni, kanti amadod' ase Kipitawini a kwisela, a ngi tshel' uMhlatuze. A likō e li ngi li pikayo ku la magama aka Somseu. Futi a likoa li tshiyileyo, e li mkohlileyo. (UKULUMETULE 168-75)
(UKULUMETULE, pp. 175-81 beginning here)
Kwa se ku bel' uMnyamana ka Ngqengelele ka Menyana, wati Yebo, nkosi, wena ka Senzica! Si ya bonga nkosi. Nkosi, si kala ngalunye, ngob' ubunyenye, kez' ukudhla luto. Si bonga ukubona si nga bonanga si m bon' umuntu ofa ezde, a buyise ake.
Kwa se ku vela uZiwedu ka Mpande: Esete Yebo, nkosi! Seti u mbunyisenye, u zaudhlani? U zaudhl' utwi ini? Loku izinkomo zake zadhliwa uJantoni, zadhliwa uHlube, zadhliwa uZibebu, zadhliwa uHamu.

Kwa se ku vel' ukuHemulana ka Mbangazeli.
Eseti: Yebo nkosi! Tina ka si bongi, si bong' ub' ubuyis' amatambo nje. U za udklani? U za udhl' ukuwi? U se bala laba ke, ofan tini, no Hammu, no Zibebu. Useti: Izwe angati itafa ilona e ~~siza~~ siza ku loni izinkomo zake na? A ngiti itaberi na, iloni' ebedhla ku lona na? Ngoba ilap' ebe siza kona. Je nkosi, ko, oyibekile yako le, u Zibebu, siti tina, u'beka yen' u Zibebu. U Cetshwayo, na nim tate nje, wa yenzeni? Angiti inina enamhlasel' ekaya lake. ~~Namhla na~~ Namtata njengo, wake wa hlasel' empangundhlovu na. "Ku koni ababali babili. Kwati ku sakulumi u Somseu ba wa bala, no Cetshwayo ukuluma nje ba ya wa bal' amazwi, na wabo bonk' abanye abakulumayo" ba ya wa bala. Lit' izwi li linye, ba li hlangenyele (ababali) bengi ukufakazelana. Lapa ngabona kona ukuti ukuluma kwam uhlaka nipile.
Wa qeda ~~uk~~ ukuHemulana. Kwa vel'

12 kulumi ezihlane. U ya wezwa, u su wezwa
ngo kutshelwa. Na mabi a yo ketwa uwe,
na mahle, a yo ketwa uwe. Mina ngi bonga
ukub' u let' amatambo kwa manje. Kwa
ku yoba kubi, ukub' uletshwayo na mbulalela
petshez' Engilande, itima lake ka la bako
kwe la oyise lapa kwa Zulu. Nkosi, bodhla
nje. U kulume kahle nge nhlizio enhle
njeng'o buze nayo. Kwa se ku vel' ubiteku
ka Mpande. Wati mina, wa ko Siteku, ngi ya
bonga, ngob' umntwana ka baba, ni mtata qede,
na mbuyisa. Mina ngiti ku dabuk' ahlanga
namhlanje kumina, ukuba ni bewe ne nkosi ni
yahlule, ni yi bambe, ni buye ni yi buyise, kade
ku bulawana ku pambani izidumbu. Mina ke
ngi ya buza, ngi buza ku la madod' akiti, ukuba
azi' a kaba na ngezwe nje, na nge zinkomo, kanti
uletshwayo lapa' Engilande, wa ze wa katshil'
ezo konza ini? Mina, makosi, ngi ya bonga—
Abakiti; uma be kuya ngami, be be zo bonga
nje, ba nga kulumi izwi e lingye. Ba se be u
gaulel' amadhlangala lawo. Ati ~~[illegible]~~ e se

kumvulil' izwadhlangalem; a tat' ubokoka, kube ikon' iyo konza emgungundhlovu. Ati ka ngi qub' ukuKulumeni, angi yisa kona ku kona; ku be ikona e yo kola ngezi ~~[illegible]~~ kalo zake.

Wa qeina. (Uti u Mnalemade u ya kohlwa iigena? wati Eshowe, abakwa Zulu, izapukapuk' impela; ngob' ba yoka ba kuluma, be bodwa, be nga kafiki kitina, ba kat' indoda u Siteku, ku kuluma yena yedwa, ba yatata ke, bati. Sitsho sonke, nkosi, izwi letu. Lok' ukukuluma ukuba ba kulume bonke, ba dunga amanzi nga pezulu, ngasenhla]. Kwa se ku vela yena Somseuw, eseti. Ehene Siteku, ku la magama ukuti a zi qaulele ini yena ihlahla? Qa! a zi kwali ukuti abafana ba biy' umuzi wake, ba hambe bayo zisebenzel' imali ku belungu. Bade be pambana. Ba nga hlaliswa bonke, beni iwe amabuto. Umuzi wake ka wakiwa zikati zonke. Kwa se ku vel' u Mhlaumbana (indina ka Myandeya ka Mbiya) Uti.

wati Yebo, nkosi. Ngi tunywe a Myandeya. Kwati ukubi' inkosi si yilwele, na ya hlula.

na yi tata ya wel'ulwandhle, kwa sala kwa fik' uhlanga lap' u Sitimela. Uze fik' eduhl' izinkomo zi ka Myandeya, eti ugeni o zakwa u Dingiswayo. Ngaye nga bika ku bantwana, o Ndabuko. Ba talaliza nje. Nga buya nga bika ku bantwana. Ba talaliza nje. Nga ze ngi ya u bika ku Mayidoni (Jantoni). u Mayidoni wa hlonis' impi yake ya fika ya ku bulala lol' uhlanga o ku ngu Sitimela, lwega. Wa bulal' impi yake leyo, i ya imvuna. Uti u Myandeya a nje buye a ~~ki~~ yi dedele isondo le ngwele, ka sa bazi ~~ak~~ ba kwa Zulu ukuti u ini nabo. Ba m yekeya no hlanga. Yena a nga buy' a m dey' u Ku Dyumeni. Utsho ku le ndawo o kutiwa eka Cetshwayo. So ku vel' u Mgungundhlovu ka Silwane, u seti: Hau! Ni ia ba kwa Zulu, kanti ni se saba ngoba ni kona ini? ~~S~~ Na bal' o Jantoni no Zibebu no Hamu no Hlube, (ngoba ka bako lapa — no Jantoni kako). ~~Se~~ Angiti se ni hlangene ngati, angiti inkosi i fika nje lapa se naye ma yi tshela ~~noku~~ ukuti a si se bon' abayo tina, ngob' u Kulumeni wa zi

ʼbeka ngokuti a si kipʼ izinkomo zizya kuyʼ uKulumeni.
Nati ni si bala ngokuti wadhlʼ izinkomo zenkosi,
zi nyenga bo ofanlom no zibebu, u se ba bala
bonkeke. Le niti ngoba ni bona si kona, a ni
sa si boli. Wo! twa-ke, a si pajomdelʼ uKulu-
meni, ngobʼ uKulumeni sa mu nikwa inina.
Na si keta kimina. Wa gcina umfoka Silwane
(ka Nhloou ka Kuba). Kwa se kuvelʼ umsutshwana
imboza. Wati Lengwe i ni yi bekile u zibebu,
ni za u kuti site, a be salʼ ipakʼ impi i zo si
bulala. Kadʼ ihlaselʼe ko Ngaleebana (umunt[illegible]
wa Sokela — noma owa kona kwa Msutshwana).
(Sengi ya gcina ke — there may be more,
a little more, not recollected at the moment).
I li pele kumina, wati u Somseuu e sa
landʼ amazwʼ a ka Kuwini: Ni ya bona, kade
nga ngiza lapa kwa Zulu, ngiza ngo mileto
ka Kulumeni. Namhlanje ngizʼ oko kugcina.
A ni sa yo buye ni ngi bone, ngoba se ngi katele
imsebenzi ka Kulumeni. Ne nkosi idonsʼ i
donsʼ idonsa ingola, umnikazijo a bone ukuti
i si kalile, a yi kumulʼ ijokʼ entanyeni, a yi

yeke, i hlala pansi i zidhlel' utshani. Inga buy' ipind' ibotshelwe. Ku lel' izwe-ke e li ngapetsheya kwo Mhlatuze, ku bekwe u Malimada, uzo kwak' inkantolo e Etshowe. Wa ye pete lap' e Mhlazatshe, e ku bekele abantu bako. U zu fikile-ke. U seyo beke aba ka Ruelumeni ngapetsheya kwo Mhlatuze e Etshowe. Usati-ke, se ngi ya hambaka, salani kahle. Ngi hamba kusasa, na bafana.

Bala-ke sebeya mtat' uletshwayo, u sehlela ngapansi. Ima se si vuleleka ngo mgwaqo' o ze Etshowe, naze e Malimada, yena-ke uye emgungundhlovu. Lap' e Etshowe s' kumise u Misjana, wak' awalende. Uyena u Misjana owa fika kuqala, uletshewayo e se se lwandhle. Izwe wa li qalisa ezansi, wa bek' e Sotumeni, wa bek' empapala, wa beka le e Qudeni, waye wa li kaulis' e Nquten, wa ye se buyel' e Etshowe e yo qumb' inkantolo (kona lap' indhlu ka Malimada ya i kona) — U but' izikulu zakwa Zulu zonke, e qalisa ezans' e Tafeni, e biz' abanumzana aba

7.

pet'izifunda. Bati ba nga fika, a pe seti. Au! madoda ngi ni bize nje, ngi zo ni tshela ukuti uletshwayo u zebuyo. Izwe ke, li datshulwe ngomhlatuze. Eli nga neno kwo mhlatuze e lika Rulumeni, li za u tel'imali, ngendhl' nye itshumi no tshelen'abantu. Ngi ya ni tshela ke madoda, ngiti Qomani, ku vel'amadoda a ba zom'uletshwayo, ku vel'amadoda a zom'uRulumeni. U za uti ebusikaka, kwaba zom'uletsh. ba vun'ukudhlakwabo, ba wele, ku sal'ongatandayo. Noma ni zom'uletshwayo nonke, uRulumeni ka katele, ngoba ku yo sal'izwe lake. A li zoze laba ntul'abantu, ngoba muningi umuntu ka Rulumeni o Hlupekayo, o ntul'izindawo. Uz'a fik'eNgutu nje ke u kuluma lel'ozwi. Ba ya kuluma nabo, zonk'izindawo, e hamb'eba bizel'ematenden. Ku vel'abatand'uRulumeni, ku vel'aba zom'uletsh. Leba bal'uletshwayo: uNongena ka Nongogo, wakwa Nzuza, no Majiya ka Shandu, empapala kube uMelelesi ka Manyosi ka Dhleka, Emambolweni. ~~Kuta~~ se kuba uNobiya ka Sitobe ka

(UKULUMETULE, p.181)

ka Mpangalala; sekuba uMadwaba ka
Ndhlabedaka, wa s'Emgazini; sekuba uBetuka
ka Mangondo, wakwa Magwaza; Sekuba uSiganandu
ka Zokufa, Emalubeni; sekuba uGodide ka
Ndhlela, ~~wa~~ kwa Ntuli; sekuba uMtiyakgwa
ka Didi, kwa Biyela; sekuba uKeke ka
Mangqi, wa kwa Zulu; sekuba uSokoti ka
Sokufoca, wakwa Zulu, Etaleni; sekuba
uNdwandwe ka Mndhlaka, ~~k~~ bakwa Langa
(not was'Emgazini kwa Ulshangase); sekuba
uDabalamanzi ka Mpande
uSirayo ka Xongo, x Se nje bal'aba yon' uKule-
meni: Mgitshwa ka Mvundhlana, kwa Biyela;
kwaba uTiyunguza ka Silwane, kwa Mpungose;
sekuba uMhlokaza ka Mkezeni, kwa Biyela;
sekuba uFuridane ka Jokwe, kwa Makoba; sekuba
uMatunjana ka Sibaxa, Emankwanyaneni;
Nkanyana
sekuba u Nsankaiye ka Mankaiyana, Eba
Tenjeni; seku uMnweso ka Mkiteka, wa
kwa Zulu; seku Mtinzuna ka Nzangwana,
was'Emambateni; sekuba uMavumengwana
ka Ndhlela, kwa Ntuli; se ku uNdhlondolwana
seku uLangazana (inkosikazi) eNhlwayini
ka Sobaba, wakwa Biyela; seku uZembe ka

Nyakayaka, bakwa Maroya; seku u Nonzama ka Situnge, kwa Biyela. Amambuka, u Mbuzo ka Mngeni, kwa Ntuli; Matshana ka Mondise ka Jobe, kwa Sitole, ebatanjini; u Matshana ka Sitshakuza waye ~~uxot~~ uneokubili njeng' Empisi, yon' i ne sibambu, kanye no londo-uneokubili loko (impisintshange)-

Baningi abanumzana abake etafeni, kepa ke babe petwe u Jantoni, be u Kulumeni bonke.

u Yamela wa gala wa ngenisa kwa Jazi, umuzi ka Ntshingwazo, ngo ku fika kwetu, si pan' e ~~Ntst~~ Nhlazatshe.

Kute ~~sos~~ Sku zinsuku si fikile, u Misjana e ze buyel' Emgungundhlovu, u Maliniada e sand' ukufika nje.

Siti sehla e Mtonjaneni, siye Etshowe kwa mapoyisa' akwa Maliniada, sa siti Hau! u Kulumeni wa m bulal' u Zibebu, umuta ka Mapita. Si bon' izipunda ubungqako bazo. Siti Hau! bayo tata langa linye nje.

Ut' u Maliniata e sa fik' epan' Emgungundhlovu, kwa ze ku fik' abantu ka Zibebu

o Sombayimbondwe konye nabanye, bati Au! impi i bi sizele (i si hlasele) ~~e~~ e mseba, ya zoSutu, ku uButetezi ~~ka~~ kwa mnyamana, e bamb' amatshum' ayi si-hlan' amavinjo; ku ukuBaza, uSutu, a beza no Ndabuko, be bamb' amatshum' ayi sihlan' amavinjo; se ku umngazi, baka Maboko ka Masipula, be bamb' amatshum' aman' amavinjo; e yikulu amavinjo, na naatshumi a mane (140), uZibebu yena e na matshum' amane nje, e ngango muvo we kulu. Yeza-ke eka — se ngi zotsho e ya se mseba. Zibebu ba[?] defeated uSutu at mseba + then chased them for 3 days, utterly routing them.

5.10.'21 58 | 21 | 20-21
Socwatsha:

Ent.d Bk 2nd ... " ...

<u>Monose</u> ka Mntungwa wakwa Nxumalo,
uGxabo u ne sileva njenge ndoda,
uSohlamandhlela o mnyama.

ukuTwebula

Mankhwanga have umuti called <u>umtwebulo</u> — I do not know how they twebula, only their doctors know. Omanye ba tata yonk' impazi yake, yonke, i nga biko. Okunye, ati umi' umuti e hambile e nyatela pansi, se be tat' a pondo ~~ta~~ lo ku tumeka, be se be tu beka